ILANGA LASE NATAL

Olwesihlanu, July 2, 1920.

UMTETO OMUSHA.

SIBE iloku sigciselela nje ku lomteto omusha akuyi ngoba seswele izindaba, kuya ngoba siyazi ukuti abantu bakiti bayepusa ukuqonda into epama kwa Hulumeni, iti noma inhle bayibuke ngeloteto na iso, ngoba kade babefakwa ngamakanda esinatweni ezibahlupayo. Kepa niti kona uma ludhlu emhlope inesinh'siye ezilukuni, imitandaso yetu yemihla namalanga sicela indawo pinsi kwelanga, umtunzi wokupumula imfuyaka engaka, babenzebe bessa zwela nocikicane na? Lomteto tina siwubona unjengocikicane okuzoya ngokuya isandhla sonke size sivele obala. Sikangwa umqondo wokuba sinikeswa nzibuse kuso zoake isifunda sabantu abatandayo. Uzibuseke angaliwa situta, njengoba kade sesika la esinhleni zalelipepa nasezinhlanganweni sabantu siti siyehlnleka ukuba sibe iloku siteliswa, singayazi naleyo mali ukuba yenzani, sibe iloku senseliwa imiteto, sehlelwa ngayo ngapanulo singasange siyihlalela bandhla siyihlafuse, iyavela nje isinqunyiwe kuyinto esingazange siyihlafuna. Sekuze kwezwela ukukala kwabantu endhlini emhlope, lomteto noma ungaqede sikalo setu ngalisa ukuvula indhlela enezetembiso ezincono. Sizaziteliss, yo nke imiteto ngezigodi inqunywe ibandhla lakiti lomdabu elikezwe yiti, nemali yemfundo, yamadipi, yemigwaqo nesinye izinto ilaulwe yilo lelibandhla lakiti. Pesu kwaloku uHulumeni uvala indhlela yokuba esoteta abelungu abesihlanu, babe amehlo ake nezindhlebe sake; bahambe pakati kwetu bezwe konke esikala nvako, bangagcini lapo, noma imupi umteto ongapezu kwale esingatwe abantu, lelo bandhla lisenekele wona, kuhlangane abantu ba wuh'abe, nxa besola konke okusifiso sabantu bakuyise kullulumeni, ati nxa engakuvumi lelo bandhla likudhlulisele eMkandhlwini weParlamende. Noma uGen. Smuts besimazi ngokuti iBhunu elingasitandiyo uguqukile, nxa ezopumelelisa kahle lomteto, wobe usitande udhlula abaziqayisa ngokuti bazihlobo zetu bengasenzele luto.

EZANENO NAPESHEYA

UMBUSI OMUSHA.

Sal beka ngelidhlule elokuti useketiwe ozotata isikundhla sikaLord Buxton nokuti kube nguArthur of Connaught. Lo indodana yomfowabo kaKing Edward uDuke of Connaught oke sfike nalapa eSouth Africa. Umbusi omusha naye wake weza lapa ngempi yamaBhunu ka1899 webe yipumile waba seTransvaal. Ubudala bwake buse yiminyaka engama 38. Abelungu baseSouth Africa batokozile ngokuhlonishwa kanje umbuso wePesheya ukuba bayeteleve owaseNdhlunkulu namhla. Kulandwa okuningi kokuti lenkosi ezayo kayisiyo imfundamakwelo kwezombuso loku ebeke asetshenziswe kuningi ezindabeni izidinga umqondo opotileyo. Kuyetembeka ukuti ukupata kwake kuzoba okwempumelelo.

o o o

EZASE IRELAND.

Kuzwakala ukuti kuse yiziwedu ujalo auleziswe abantu balona bakuhlosile ukuiwa base banikwe ukuzipata Kepa uMr Lloyd G orge usandu kusho kwamanye emadoda ayetanywe kuye ngaloteledaba wati ab se Ireland bayazikohlisa uma beti bezotola iRepublic iNgilandi itule nje. Wati iGermany izwe elinamandhla kwaliwa nalo laza lahlulwa hfana ukusindezela isizwe ngentando yao kwaliwa kwaye kwaye kwapela iminyaka emihlanu. Wati iNgilande iqome ukwenza okwenziwa ngabase Merika beholwa nguAbraham Lincoln beleva ukuza izwe laseMerika lingahlakazeki.

IZINDATSHANA NGEZINTO NABANTU

UTisha uMr. Philip E. Ngwane okade efundiia eSt Wendolin School M'riannhill useya kofundisa eMoyeni, Zululand. Simfisela ubuhle endaweni yake entsha.

—:o:—

Bashada ngoJune 4 oMr. Jeremiah B. Mncube waseMhlungwane noMiss Muriel Mate. Bati wawumuhle lowomshado.

Kulinywe ngampokwe eNatal nakwa Zulu ungama Esa syi 16,000.

—:o:—

Ubuningi bwabantu abase Africa buyinxenye yesishiyagalombili kobomhlaba wonke.

—:o:—

Ukuzalana kwabemnyama kupindwa kabili ngeminyaka engama 40, okwabelungu ngeengama 80.

—:o:—

Siyambongela uMr. N. J. Mfeka obuye wapiwa enye indodana nguMa-Nyuswa ngaye uJune lo.

—:o:—

Ahlauliswe u£5 emaIndia eTekwini ngoba abonwa yipolisa esebenzisa amanye esbisa egesa izinguzo ngeSonto.

—:o:—

Olunaye umbhaleli weta nsuku kusilobela uti, wasenkantolo eNigel ihumosha elimhlope lihumashela umuntu iati, "Wena yizwa lo xdaba ukosi wabela wena?"

—:o:o:—

Ngomhla kaJune 13 kwabe kuvalwa isikole saseGood Hope, ngelikaulu sdili lokudhla, izingane sahlabelela kwadhlalwa kwase kwasa.

—:o:—

Kuzwakala ukuti abapati bomuzi waseLadysmith sebevumile nerdawo yakonjwa yokwaka umuzi wabantu (Native Loc tion) lapo umfindis engayi ube nalnogelo lokuhlala kona.

—:o:—

Usbdile ngoJune 15 uRev. Job Bhunga waseTekwini noMrs. Elisabeth Cele. Lobeshwa ngaRev. A. Mtimkulu ifiodo ngamakulu amaucoko eya la abantu bebedala bobabili.

—:o:—

Bazambida ngaye uJuly lo oMr. Ephah Mngadi noMiss Louisa Ngcobo Otisha bobabili umfisa owaseMtwalume, intokazi eyaseNanda.

—:o:—

Umdhlalo webbole owabe ungoJune 26 eTetwiwi pakati kwamaVictorians namaCannon wapeta ngoba inkomishi idhliwe ngamaVict risans ngamaGoal ama 2 libe elamaCannon lilinye.

—:o:—

Udedelwe yiMasitshi yasePotchefstroom umlungu owadebala owesifazana womuntu ngoba eti kamdabulanga ngabomu kepa wab'eti inkawu ihamba ensimini yake.

—:o:—

Wala ukufunga uDr. Conradie owaev telwe ukungena eMpakatini wase Orange Fre State ngako umpatisihlalo wati angeze shlale ebandhla enga fungile. Irdaba yasiwa emajajini at kebeshiwe ukufunga kadedelwe argent.

—:o:—

Kutiwa uEx-Kaiser usehlala enenqe lama Aeroplane sekuze kwatiwa mangandiziswa pezu kwendhlu yake kupela awase Holland.

—:o:—

Izilimi ezikulunywa eAfrica zingama 843, esezilotshwa ziseyingcozana.

Kucish'aba konke elase Africa selenganyelwe abelungu.

—:o:—

Insizwa yomlungu yahlauliswa ngu Mr Oxley Oxland £3 ngokweba ikwiliti lomuntu omnyama entanjeni leacekiwe eCentral Hotel eTekwini.

—:o:—

Kuseda kwakiwa umshini wokundiza vinkampane yamaNgisi odhlula owamaJalimani, Kutiwa undiza amamavela ungami ayi 4,000: ijubare lowo amamayela ayi 65 ngehora.

—:o:—

Katiwa eludia kenziwa muntu umlisa okuze kudhlule iminyaka engema 25 engaganiwe.

—:o:—

Lapo ependula amaNxosa amaIndia eCape Town uHulumeni ngoku beka isitapa ute lawo afandilevo isiNgisi noma isiBhunu uma ebamba pakati kwe Union awaseyiku cineselwa ukugoifiza isitupa.

Opendula uMwesile No. 2.

Ng'bonga uMwesile No 2 ngodaba lobandhlulilo.

Ngiyadela emazwini ako ukuti waekona enihlangeneni weConference wase wezwa wezwa nezizato akishwa ngozo uRev. Mtimkulu ezingaziwa ngumWeseli No. 1. Ngiyadela fati emazwini ake ukuti nyilolehlobe lwakiti oloze lufe lumbhelwe lubambelele emlungwini. Uma kungenjalo ulehlobo elotiuma upambene nesiqu somuntu lungakstali noma isuzo salo singali ma a iswe uma nje angake atolowo opambene naye.

'Isotya lifela emsebenzini walo!' Angisho ukuba u Weseli No 2 angatanda ukuba emva kokuzinikezela emsebenzini weNkosi iminyaka engaka alingwe njengomfondisi Mtembo ngendaba yobusotya. Nami ngake ngaya empini angiyazi iCorporal ekipa amaxegu amsotya ukugada ebusuku nokuzula ezintabeni kungonakele luto ekona amasotya amatsha. Ngiyabonga Mhleli ukuba uke wavuma sapefumula. Eswile amaWeseli ukuba mina nabanye siyayibona siyayazi iColour Bar. Ngibonga nokuba umWeseli No 2 engipondula kepa esibile ukuzibeka igama lake. Nongaboni woze abone. Pela kufanele babekona abanjengao No 2 kungebe mnandi ukupila emhlabeni singemanzi wona aya nganhlanye.

Yimi,

J. RAY MSIMANG.

Howick.

Esase Goli.

Kulesisusuku amakaza awako kufudumele njengase Natal. Into enkulu umoya mningi kakulu wona, esazi ngoJuly koba njani na?

o o o

UMr. F. M. Cele abazihlobo zake bemensela olahle udumo lomusa nokumpa okutile okujabulisayo. Ubukeka emamile, bouke abambonayo bambaza ngemsebenzi.

o o o

Icala lomfowabo selizolinda amaJaji. Kungati icala lake lizommela kabi ngoba amaye ufakezi omfakazelayo. Mhlaimbe kungangcono betole indoda elakuni yokumela icala.

o o o

Ai abantu bemisebezasi, sengati sekukona izoloseas alenzayo uMr. Cele lapa eGoli, asezilibase ngalo elapa. Litengisa uMatukulela nezinye izincwajana neminye imiti yaseTekwini. Sengati uzoshiya uAlbert Myeza lapo eschlile ekupeleni kwecala lomfowabo.

o o o

ABANTU, NABELUNGU.

Lezinhlobo zombili ukwanda kwazo kuyesabeka impela. Foti bekusoba kona ukuzwana ukukulu uma amakosi nawo ayabona ukuti impato enhle ileta ukutula uhlangoti zonke.

o o o

Umkosi wokuvalelisa kwenkosi uLusibalakulu ube muhle, kakulu lapa eGeli. Utembise ukuti amapasi azonciobekwe amaningi nokuti abantu bazobhekelwa izikalo asbo.

o o o

Enkundhleni yamacale lapa ePipipi abantu baboshwa isinqwabanqwaba ngotywala nangamapalishi abilile.

o o o

Foti loku kuboshwa okongaka kuboniss ukuti ukupela kwelomusi kubi kunokuqala kwawo. Abateta amecala abanashawu, uma kwone umuntu limdhla limfele.

o o o

ABESIFAZANE NAMACALA.

Sekusobala ukuti amacala manje adinga atetwe abesifazane ezinkantolo ngoba abangamadoda abawateti kahle amacala. Icala lomuntu balihlenganiswa nokumzonda bomhlehle bengalipenyile icala uma lipskati komhlope nomnyama.

o o o

AoRev. noMrs. Mpepeto waePitoli uke wabulapa. Into embi kuti esekwela eJeppes Station inkosikazi yacitshe yatimala kabi lapo ikweia esitimeleni sesihamba.

o o o

UMr. Jonathan Dubula Makanya, ukwele ngolwesihlanu egoduka eqonde emaNgwaneni, lapo esake kona.

o o o

UMr. William Mhlongo, ukwele kulo leli sonto eqonde ekaya eMfume M. S. Sengati aya kotwala uqondo Hesuhsi!

o o o

UMr. Julius Mkwanazi waseBenoni uvule iShop konadamahanisi nezicatulo.

o o o

UMr. Fred Mngoma waseMariannhill ukwele ngolwesibili eqonde ekaya kubantwana, bake. Ukulupele ufelebe, impisi etsta ngesamba, ubhadula kalunyawo umhlabani, umfo kaMshishizelwa.

o o o

Siyamzwela uCharles B. Mkize ngo kufelwa isokanqangi lake uGilbert James.iSikala nawe wena kaMambane, sengati iNkosi ingakufukamala loku usanda ukulahlekelwa isalukazi sako.

o o o

UMr. Mkatywa Masinga waseNanda wacitye wabulawa isikweagci somfasi ngoshevu. "Ucityu kadhliwa" sinda ukuzi kaShoemaker.

o o o

Silusisi ukuzwa ukuti aseko uDaisy kaMshlambuhlalo waseKoloni.

Isimemo.

Umhlangano weZulu Congregational Church uyohlangana eNSIKINSIKI ngendhlela eya kwaZulu. Isiteshi sokwehla abaya kona esase Fraser Railway Station.

Lona ungumhlangano omkulu womnyaka Wongena ngo 21st July 1920. OwamaDelegates ungoJuly 19 no20 kwaMr. Bhulose eNewlands eduze noMngeni River, isiteshi Duff's Road & Red Hill.

S. B. SHIBE.

Denver Zoar Station,
Umzumbi Rail,
Natal.

EDWALENI HIGH SCHOOL FOR NATIVE BOYS.

Come to Edwaleni High School for native boys, to prepare yourself to te ch manual training or to do carpentry or blacksmithing.

W. S. HOFFMAN, A. B., M. A
Principal.

Izingolweni,
Natal.

UGOLA

Zonke izingane zingahle zingenwe lugola. Musa ukuhlala size lesisifo sihlabe umtanako ube ungakasilungeli. Sifika ebusuku lapo imvama yezitolo zemiti sezivaliwe, kona loko nje kuswele kube yisikwayiso umashlale unegabha loka Chamberlain wokukohlela. Awuzungageja usebenza ngokusheha futi awunayo nenciny ane ingosi. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Ukuvalelisa

uLORD BUXTON kMGU'NDHLOVU.

Kwaku imini enkulu eMgungundhlovu ngoJune 21, kuhlangene amakosi abanto nesitunywa ezsziketiwe ukuba zovalelisa uLusibalakulu uLord Buxton neNdhlovukazi. Abantu baqala ukuhlangana ekuseni ngo 10, bepetwe usandhla seNkosi uHlabazihlengwa (Mr. Faye.) Kwafundwa amaswi ayelotshiwe kahle impela, awona ayezofundwa anikeswe uLord Buxton, Bawatokoza lawo maswi abantu, bese beloba njalo amagama abo, amakosi nabantu. Kwase kutiwa makuketwe abazoba namaswi okutakazela ukuhamba kahle kweNkosi uLusibalakulu, UChief Mini waketwa ukuba ahlale esihlalweni, noMr. Mark S. Radebe kwatiwa malobe Kwaqutshwa umsebenzi wokuketa izikulumi. Kwaketwa uChief Manzolwandhle, Chief Mini, Rev. Msimang, Rev. Mtimkulu no Mr Charles Dube.

Kwatiwa kokuluma bonke ngapambi kokuba kukulume uLusibalakulu, kwatiwa uMr. Chas. Dube beno Rev. A. Mtimkulu ibona abazo kot'ukamba nxa sekupakule inkosi. Amazwi okukuluma ngingewaqope onke. Impela onke amadoda akuluma kahle kakulu. No Mtwana, oka Cetshwayo wabeka amazwi amahle impela. ULord Buxton wakuluma kahle kakulu impela ebonisa ngokuti sidinga ukuba sisame ukuqinisa ukulima umhlabati, kakulu kulezikati ezilukuni.

Watokoza ngabantu ngoba bezwela umBuso ngezikati ezilukuni, baze bafela kona abanye. Wati ayetembe ukuba leliBili elitsha lizosebenza okungcono, lenze inhlala kahle kubantu.

Into enkulu, ikuba wabona ukuba avalelise esehamba. Namaswi amahle awakuluma kubantu ePretoria, Johannesburg naseMaritzburg siyawancoma; foti wasetembisa ukuba noma ecepetsheya uyohlala esikombula asipunsele izwi lapo kudingeka ukuba usikulumele kona.

Zawa kuDambuza kuNdaba (Mr. Wheelwright). Izinkabi esinkulu ezikulupele sesilara, Kwabelwa abantu inyama inone kuyishlama. Sidele nje sabona ukuba sipstwe indoda eyazi abantu, uetando ukubapata nge ndhlela. Yabiva kwase kwakanyiswa ngoGesi.

Siyatokoza futi ukuzwa ukuba se kuketwe uPrince Arthur of Connaught ezosipata. Sibonga isitunzi sase, noma sinakamboni yena.

Opendula uMr. C K Goba wase Mzumbi.

(KuMhleli weLange.)

Mh'eli welakiti, Ake ngipendule nanga nomumzana oti kafani mpendulo, uGoba wase Mzumbi.

Ngiti kuwe wena ka Goba xola ngoba angipendnli wena kulendabakazi yako oti ingumhlola ngoba uyaqala ukubona into engumhlola yehla pakati kwesizwe sakini Siyakubonga ngoba utanda unesifiso sokunqanda imihlola.

Abefundisi absfika ngo 1835 laps eSouth Africa bati asipuze utywala ngokusilinganisela, bagqokisa izintandane, bapata kahle abafelokazi, bashadisa izinsizwa nazintombi, ngalolosuku kutanjwe kupuzwe bekona kodwa bangasho luto.

Abantwana babefundisi bebefanda ezikoleni bengakipi mali kodwa manje sebe kipa imali njengabo bonke. Nabantwana babafelokazi babepetwe ngendhlela efaneleyo. Manje zonke lezinto seziyisono ukuba ziqutywe ebandhleni laseMelcka. Ngatoke nxa siyisa izingane emaRomeni sfike zizpate ngoountandana wena ke oti ungowomqaba uti isono yisipi? Loku amaRoma apuma pesheya afika no Jesu? AmaNoki afika noJesu; abase Church, Wesleyans, iBerlin Church etc. Po amaRoma yini? Ngiti mina seni kohlwe yizinto ezifanele isizwe Goba. Uti abefundisi batuleleni? Kanti amaLoma angoSatane yini? Mhlaumbe wena uti ungowomqaba nje ungeke walicaza kahle leli iBandhla lako lase Meleka ukuti lapumapi. Ngiti kuwe nxa uya eRomeni lingakutshena lapo limi kona. Yilona Bandhla leli iRoman Catholic Church, onke amabandhla ahlubuka kulo. Nalelo lako laseMelika lahlubuka kulawo ahlubuka eLoma. Bengingati kona lapa epepeni nivakala niti kwelakini iBandhla abefundisi banka abaVangeli bamanye amahlelo bekona abakini? Akenilungise loko.

Nxa abantwana bezolwa kweyase Roma kulungile tina sizaba yisa kona abakiti abantwana lapo kusho kona umxwele

Funda izibhalo "Okipa amadimoni ngegama lami ukanye nati." Lenkuluma yakolunywa ubani, isaka ngani? Ukuqamuka kweVeli kwakusboni? Baningi abati "bangabomqaba" sibuye sibambe sebehlubukile sebengene kuwo amaRoma. Yini madoda?

"Hambani nizwe lonke nishumayele kubantu, babone imisebenzi yenu emihle eniyensayo bakolwe kuyihlo wenu oseZulwini." Nxa nina bomquba imisebenzi yenu ingakombi kahle singey ke ukubhidana amakanda. Yinina nodwa nino Stich-in-Time ababona lezo zono zenkolo. Nxa umuntu ekolwa kuJesu Krestu indodana ka Tixo, kuhle siyekwe.

SOMPUNGANE.

Ngama Natal Native Exempted.

Enkulumeni ka Mr. C. Barlen Dhlamini esepepeni lika June 4, 1920 enatelela kuleligama elingasenhla luto yokuqala nje ngatanda ukuveza ukuti aliko eliyovela lifumasiseke linga pesu kaleli elikulunywa uMr. C. Barlen Dhlamini.

Imake ngimpikise lomlisa ngimelwe ukuzibuza mina ngalencibezo. (a) Mhla ng fana iExemption Certificate ngangiqondeni? (b) Ngang'qonde ukuba ngibuzwe ngokuti Exempted Native nje kupela? (c) Alako sto esngangiqonde ukuba ngilosuse, kuti uma sengilususile bese mina nawe nesizwe sakiti sitole isitansi? Mina ngiyamsekela uMr. C. Barlen Dhlamini. Lesisigaba salaba abangasenhla kufanele bahlangane, bazazi umuntu waho, bafane amalungelo abo. Kuyiso isikati lesi sokuba konke okulifa lako ukuq qe kabaye ngakuwe nomtwana wako ahlale azi okungokwakwabo.

Uma kungafemaniseka umuntu etenge ipulesi waliqeda walitenga wahlala pakati kulo iminyaka engu55 engadatshalelwe, eogenayo itayiteli labe emkombisa ngokusobala ukuti ungumnikazi opeleleyo nokuti lingama eka amangaki angityo ukuti lowo muntu onjalo angabizwa ngokutiwa uyisihlakanipi.

Njengawe Munta obuwa ngokutiwa Sobanibani kaSobanibani Exempted from the Operation of Native Law.

Leli lungelo la'eligama walinikwa ngo1865 manje u1920. Abanye bean bapuma ngaye u1865, abaningi nganeno kwalowo nyaka kuze kube namala.

Kepa noko itayiteli lenu nesikonkwane zenu zalelipulasi lenu enalipiwa ngesihle eligama lalo liExemption, anilibisi, anilifuni.

Mhleli wepepa lodumo ngivumele ngima. Xola ngokwelula.

Yimi otobileyo,

JAS. M. NGCOBO.

Mapumulo.

E ebhôla eLadysmith

AmaPIRATES aseDUNDEE namaRAINBOWS.

Ngomhla ka31st kuMay kwadumelana lamabuto kwashinqintsili. Pela ngonyaka owadhlula amaRainbows seye kona eDundee, ngalowo nyaka amaPirates ayenamandhla kabi amabatshwana esifundeni sakona ayenga sayitandi indaba. Ayakupuka njeamaRainbows abantu sebelangazelele kabi ukuti indweba iyovela nini. Yakala muntu wetu nge3 30, zagijima isinto zamaRainbows zajuluka zabamanzi. Umdhlalo wapela kanje Rainbows 8 goals, Pirates iqanda.

Ngomhla ka 31 kuMay seuka pansi eshisa umlilo kwaze kwapela 15 minutes evuta lapo amaForwads amaRainbows agila umhlola ngompaso. Aqala ukukatala amaPirates ase ezingeneia nje amagoli. Wapela kanje umdhlalo Rainbows 6 goals, Pirates nil.

Ama Morning Stars kubonakala ukuti sengadelile mhla behlohlwa u7 goals. Abaye ayiposa insimele ngasemva kwalo. Lesuka ngo 3. 30 Amaaye amaMorning Stars sdhlala kabi impela aksnekele nje ngesicstulo. IFull Back yabo yayikela kabi iCentre Forward yamaRainbows Umdhlalo wapela kabi sebelwa abanye kumi kanje; Rainbows 4 goals, Morning Stars nix.

We madoda niti niyalibona nje lelihlazo elibi kangaka elenziwa amanye amabuto ebbola lapa kiti eMnambiti? Nansi into esidumaza kabi impela uma kodhlalwa ibhola kufanele akuba silungisele sidhlale siqqoke ngemfanelo, kuyeke omunye eza efake ibhulukwe lokugibela amahashi, uyedwa ofeke umvalo webbulukwekazi, uyedwa ofake amahalf-shoes, uyedwa ofake am hudhlu ezicatulo izipikili ngapansi zifana nem'mese, babodwa abafake amayembe angapansi engageziwe.

Uma sifuna ukudhlala masilidulale ngemfanelo madoda.

Nanko pela fati ama Morning Stars ayoze sdele. Lesuka ngo 3 30 ebopele epelele ngokweminso ama Morning Stars. Nawo ama Rainbows sezimisele ukudhlala impela ukuze awadelise ama Morning Stars, balake lisuka pansi avatumhlo lakala entiai ngo 3 minutes laya e Centre Lesuka lakala pakati entini ngo 2 minutes manje awoleleka ama goal. Umdhlalo wapela kanje Rainbows & goals Morning Stars nix Nidelileke ma Morning Stars, Uma ningadelanga ase nipinde nidele Uma ehlanganiswa onke ama goals au 19 goals delanke.

Yimi SIBUKELI.

Obongayo.

UMr. Simon S. Malinga ubonga zonke izihlobo ezimbhalele ukumkalela nokumduduza ngokutshona kuka Mrs. Malinga. Uzwakalisa ukuti, ngenxa yobuningi bezincwadi nezincingo akanamandhla ukuzipendula nganye.

ISAZISO.

Ngaziss izigoli zami ukuti sengibuyile Osutu sengilapa ekaya.

ABEL NTSELE.

Ohlange,
Phœnix.

Ezase Jele.

Izihlobo zami hlese zihlalele ovalwesi, nxa ngilo ngibambe umlomo eodawesi yokuxasisa pela manje ukuti hiya bakweta sengipumile esiko leni staso, ejele. Sengingake nginicatekele enakona nje. Izihlati zehla musukwana nhlalwa licala nje ngale wonde apapatele upeletwe sawandhla nokahle ufi elwe zinhlozi kube sengati webile kepa ube ungasatshotshange. nzake ubotshiswe okwami nje foti ngala nokubotshwa. Ke eSechibawosi (Search bonse) ngale manje ukubona ukuti ngifikile kwaMkatali ngiyishiyile indhlu yakweta, kwaiko isasi zakwa Zulu nsendelo. Ugale ukukumbula izingane zako nabakini. Lapa ke ubetwa ngempama zikundhlwana esinimiyaka yi17 noma 19 ziqaka'a ayise ajengami nje ka43. Ukuba uyalwa bezakuzukela bonke nabelungu bakona ntatywe (plague) yihardilebba pela (hard labour). Angibonase ngiyibone enje! Niyasaka lapoke senigqokile lesi sakona esinoayawo lwenkuku sokuzogatiti seniliegana nonke abasimkile nabancipile abadala nabasha abah'o nabahi amekolwa nabahadeni nebhisitele, Lawu, neKuku neBholomane neBhuumane, niya kweziuye isinkasi futi emakamelweni lapo nizakubetwa ngesiaye izibosha esidala zakona sikubona ufika. Nidhla isinkobe sipekwa size zipetake sitelwe unwali kanye ngelanga kanye norobhulasi lwepalishi kabilli ngelanga. Emasebenzinike kukwa Ngqingetye. IBhunu likudoshuza ngesidunu zsibhanu emandulweni ulahleke pansi likuvuse ngesicatalo kungabi ndaba saluto. Baningi abantu abangena ejele bengenamawala kodwa bapume sebenesiboko. Kuye yezindabe esimbi lena. Baningi abantu abangasho ukuti izidubuli zibaqedile ejele ukuba ukona ofana ukwesi ukuti bahlesi kanjani ejele Kepa ngimangaliswa wababa akushiwongo mhla ulahlwa icala ukuti wokuhwa isinyo ipoyisa etc. Kwatiwa "One month H. L. noma £3 fine noma 6 months H L. nemivimbo eyi15 Usenako ukubezwa ebaseNatal Sprait naseYokese key naseJosi namhlanje. Angikulumeli enye into yasejele ekupayo kodwa ngikulumela izidubuli,

Congress nawe Mateli waBantu bayafa abantu okushaywa ejele. Yebo inhlamba ikona futi ngezange ngimbone nimzwe umuntu noma umlungu etukisa kwenzibabona ngabesw ejele bebeka izinceshwa. Hsi ke iz ndhlu zinhle nokudhla nezingabo kanye nomzi wonke. Ubuqdoma abaseko bangabakona nge gazi umuntu avalelwa ngamnye bezwana ngokukulumakupela

Sengiyayazi namhla iveseti, "Ngangisetilongweni awangihambela," ukuti kanti isbo nje kanjeya.

Yimi,

Ex. NGQONDO.

Johannesburg.

Amasela eTekwini.

Ziyapela izimpahla zabantu ukwebiwa lapa eTekwini, sekuhlonzile uma kuyasa kuzwakala ukuti izimpahla zikaJimu sihambe sonke akuselanga neyembe lodwa leli lasekitshini. Izindawo ezinigi ezebelwe izingubo zabantu abasebenza lapa eBerea. Lento iyaqala lapa eTekwini uma kwebiwe kangaka. Sengati imbangi yaloku kweba kwenziwa ukubiza kwzinto. Sengati fati sikubantu bodwa abeba kangaka, sengati nabamhlope bakona ukuba lento idida ingqondo isikataze nsemaPoiseni ezitshiri. Ngolwesihlanu ngomhla kaJune 11 th le epesuli zebiwa eduze nalapo ngisebenza kona ngo8 o'clock esate nje uMapumulo ukupuma eyotenga ugwayi wabuya ngo half past 8 sekomile endhlini yake, au isimangaliso esikulu leso. Uma ngingabale abantu esebebelwa izinto zabo kusokela ku April kuza kuJune, impela befundi ningeze nakolwa ningase niti ngimamanela. Po kuzokwenziwa njani loku izimpahla sizitenga ngeningi imali kouti sizitengela izigebengu namsele Lezi zinsaku zi izinsutu ezimangaliso yo uma umuntu ecabanga ngezo impela sengati sekugewaliseka isahluko sika Mateu 24 verses 6-7-8. Okukuti ilapo kuza ukuhlupeka okukulu ngeminyaka ezayo uma kuya njengokuprofeta kwalesi sahluko. Kodwa impela nabo abamhlope abantu bacabanga kakulu ukuti sekufike sona isikati sokugcina uma umhlaba ubhubhe.

Po sokwenzenjani bakiti? Kuhle ukubamu bolwe ngempela inhliziyo yabe se ndhleni esimhlope sika Kristu iNkosiyeke ukwesaba abantu bomhlaba kodwa sesabe ongab nyayo sihlonipe izindawa zake sbefundisi betu abatandekayo. Siyeke lezi zinto engizibhale ngenhla ukuswezisela abantu ngezimpahla zabo ayafika umuntu nezikalela njena. Uma umhlaba usuya ekugcineni kuhle sizicelelele eNkosini isilungisele izindawo zetu eyesetembisa zona imuka lapa emhlabeni. John 14:2 3. Ngiyadabuka uma ngibona umuzi okade umuhle kangaka usonuka ngamasela.

Yimi,

HENRY M. MVUYANA.

Durban.

AWUDAKI.

Oka Chamberlain wokukohlela wahlukile kweminye imiti yokukohlele ugoba ufike ndambise noko ube ungadaki. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Ukutunywa kukaSobantu

Wahamba kahle ke uSobantu wase wafuyelela ekaya Ekukanyeni kangeko ngosi kuye nakubantu bonke bake.

Ute esati qeta nje ukufika evela kwaZulu wahlaba wasilela wati "Ingene! Ingene!! kumenyezwa njalo kupakati kobusuku. Bheka-ke nawe imbhalo esifika kwesikabhadakazi abantu bevuswa ebatongweni belele. Po! loku naye uSobantu usandukufika epuma kona kwaZulu akukabi nyanga ngaki efikile, efika njalo enzabonange esola luto nkosini nakuMatewu ebaye kahle ejabula, lemtokozisa ngako konke, kweba isimangaliso nje ukuti Au kwenzenjani?

Hau! ozwani ke kwabanjwa njalo ke kona ebusuku sekuyiwa emGungundhlovu kwayiwa kuyo indhlu esikela kuyo uSobantu ekaBerger Street. Inkulu leyondhlu, inendhlu enkulu pezulu. Kanti lapa eMgungundhlovu impi ebe ikona kade ihambile yapatuma lowomkosi yeqonda esasesi kwaNtunjambili. Sesikomile umTintsndaba uNgoza noMfukatshwa noZatshuke noTetelegu noNemamnekwana kaMcoseli kaSalidhlozna njala ihamba nomfo kaSonzica uSomtsea negobnodo eliag'umfowabo uMr. John Shepstone. Yahamba keyompi eyaya yafika kwaNtunjambili. Okuyisimuya kwaba ngukuti konke loku kuyishelu nje, aiko impi yakwaZulu, eqonde ukuhlasela eNatal, nokuti uCetshwayo usingela isinyamazane nje kwaZulu, umeme inqisa enkulu. Yabe seiyaguquka neyasesiLangwini lapo.

Akutshoyo uPapa uBenedikt womuvo wesihlanu ngokutwasisa abafana babe abaPriste nangokuba impisa umsebenzi weBandhla eliKatolika pakati kwezizwe.

Kwati sokuzotshaya ukusimasi lo odhlulile (1919,) uPapa watumela boke abaBishopi incwadi ngendaba yokuqaba umsebenzi kaJesu Krista esizeni zoake zombiaba. Nonka-ke amaye amaswi ake ehunyutshwa ngesiZulu. Uti uPapa:—

Abapete imiHlangano yabaFundisi, into enkulu amabeyinaka nezempela ngokubakona esisweni leso, abasebenza pakati kwaso, betate abafana, babakusele ubupriste, babatwasise, kungoba iyona nto etembisa kakulu ukuti iBandhla lisolunga lapo seliqaliwe kona. Ng'bapela umPriste ongumuTu aye otungele ingaba ukuqbala ukolo enhliziyweni sabantu bakubo, loku emvelonye nabo, esimlo sinye nabo akuqonda kunye nabo, ekutanda kunye nabo. Uye okwazi kunabanye bonke ukuboniswa abantu bakubo nayipinto akade bengayiboni kahle. Kungako futi kasingi angabeka unyawo lapo umpriste ongumfokazi engelubeke kona.

Ke, nxa kutenda ukuba abaPriste abangabanTu batele ngempela lesi zitelo ezitembekayo, kuswelekile nokuswelekela ukuba bafundiswe kahle bakuliswe kahle. Kwasiza ukuti akuyikwanela neze ukuba bafundiswe izintwana nje eziswelekile ngempela, okuti, la umuntu engezazi, ahlulele ukutwasiselwa ubupristi. Into efaneleugukuba kwabo kugcwale kuti sw. kupelele kuti nya, kube kunye pela nokwabaPriste besizwe ezinjengesebenzingu. Ngobapela ukwanele ukuba abaPriste abangabanTu bafundiselwe nje ukusisa abaPriste abangabafokazi ngokugcina nje izikundhla ezingesinkulu; kuswelekile ukuba basilungele ngempela isikundhla lesi sobupriste esiluhlobo lukaNkulunkulu, yikona koti ngeliiye ilanga, bakwazi ukusipatela ngokwabo bodwa abantu bakubo, babapate ngokuyiko. Njengoba iBandhla elikatolika, lielabanta bonke pela, alisiye umfokazi, aliso isifiki nje nakusipi isiswe. Kwasiza ukuti kufanele ukuba kuleso naleso siswa kuvele abaPriste, yikona abantu bakubo bezsufundiswa yibo umteto kaNkulunkulu, bakonjiswe yibo indhlela yokuya ezulwini. E! lapo kufamaniseka kona abaPriste abangabanTu abslingene nobuningi babantu baknbo, abafundile kahle, abahambisa okwababaPriste bakaNkulunkulu, yilapo kungatiwa abaFundisi abangabafokazi sebeqedile kahle umsebenzi wabo, belakile iBandhla pezu kwesisekelo esiqinile. Nxa esizweni esinjalo kuvuka mhlamube isivungvungvunga sivuswa izita zeBandala zifuna ukucita nokubulala amakolwa sio, akuko sistsa sokwesaba ukuti iBandhla lakona, njengaloku lakiwe pezu kwesisekelo esinjalo, impande zalo zijulile, lahluleke, liciteke, lipele.

ISAZISO.

Abafuna izimpahla ezinhle zendhlu kuhle bsze kimina lapa kubazwa kona kooke okugcalasa inhliziyo:- Amatefula kusokela ku 15/- kuya ku30/- Amakabhede amahle asekishini kusuka ku £2 5 kuya ku £4 10. Awasendhlini kokuka ku£4 5 kuya ku£6 15 Izihlalo zezinhlobo zonke njeogokutanda komuntu. Ngilungisa futi yonke impahla efileyo neyonakeleyo ngemali encane.

Wozani kowakini wempela.

GEORGE P. MSOMI.

3 Jules Street,
Jeppes, Johannesburg.